- (b) ikhophi eqinisekisiwe yesinqumo noma isigunyazo esigunyaza umuntu ukuba amele inkampani, itrasti, ibhodi elangamele noma inhlango yabanikazi bemizi;
- (c) ikhophi eqinisekisiwe yemibhalo yenkampani kanye nobufakazi bokuthi inkampani ibhalisiwe;
- (d) ikhophi eqinisekisiwe yecwadi yetrasti (*trust deed*) kanye nencwadi egunyazayo;
- (e) ikhophi kamdabuli womhlaba omkhulu yomdwebo noma ipulani;
- (f) noma imiphi imibono ebhalwe phansi yomfakisiselo ephendula ngemibono ebhalwe phansi emayelana nesicelo eyenziwe iminyango yangaphakathi;
- (g) noma iyiphi imvume edingekayo;
- (h) imvume okufanele ikhishwe ngokwesaziso somphakathi uma kudingekile;

- (i) ngaphansi kwesigatshana 21(3) no 22(3) ngenhla, noma iziphi izigunyazo ezivele emazingeni kahulumeni noma izimvo ezivela eminyangweni;
- (j) noma imaphi amanye amapulani noma imidwebo edingekayo;
- (k) ucwaningo noma umbiko kangoti;
- (l) ubufakazi bophenyo lwezokuhlela, lapho kufanelekile;

(4) Ngaphezu kwesigatshana (3), umfakisiselo kudingeka athumele nanoma iluphi ulwazi noma imibhalo engadingwa nguMasipala.

(5) UMasipala angamukela inqubomgomo ehlinzeka ngemihlahlandlela yokuthunyelwa kanye nokuhlaziya kwezicelo zokuthuthukisa indawo

Isicelo esiphelele

24. (1) UMasipala kumele azise umfakisiselo ngokumbhalela incwadi noma ngokuthumela imeyili lapho kufanele, ukuthi isicelo siphela.

(2) Umfakisiselo, ngencwadi, nganoma isiphi isikhathi ngaphambi kokuthathwa kwesinqumo, angasihoxisa isicelo sakhe.

(3) Umfakisiselo kumele athumele isicelo esisha uma eke wasihoxisa isicelo sakhe njengoba kuchaziwe esigatshaneni (2).

ISAPHLUKO 8

UKUHLUKANISA NGEMIKHAKHA IZICELO ZOKUTHUTHUKISA UMHLABA

Ukuhlukanisa ngemikhakha izicelo zokuthuthukisa umhlaba

25.(1) UMasipala kufanele uhlukanise ngemikhakha zonke izicelo zokuthuthukisa umhlaba.

(2) Noma iziphi izicelo ezihlanganyele-

(a) ziyocutshungulwa ehovisi lesifunda; bese

(b) zithunyelwa ehovisi le-SPLUMA, lapho ziyodluliselwa emkhakheniofanele ngokuhambisana nesigaba 27 kanye no 28 lapha ngezansi.

Izicelo zokuthuthukisa umhlaba ezisemkhakheni 1

26.(1) Isicelo somkhakha 1 kufanele sibhekwe ebese uMkhandlu kaMasipala uthathaisinqumo ngaso kanti lezi zicelo zifaka-

(a) ukwamukelwa kohlelo lokusetshenziswa kwendawo; kanye

(b) ukuchitshiyelwa noma ukubuyezwa kohlelo lokuthenziswa kwendawo

Izicelo zokuthuthukisa umhlaba ezisemkhakheni 2

27.(1) Isicelo esiyisigaba 2 kufanele sicutshungulwe bese isiGungusithatha isinqumo ngaso kanti lesi sicelo sifaka-

(a) isicelo sokuthuthukisa umhlaba lapho kunokuchezuka ezinhlinzekweni zoHlaka lukaMasipala Lwentuthuko Ngokwezindawo;

(b) isicelo sokuklama kabusha umhlaba lapho kusuke kufakwe iziphikiso ngaleso sicelo;

(c) ukufakwa kwendawo entsha noma umklamo omusha ohlelweni lokusetshenziswa kwendawo;

(d) ukuklanywa kwendawo; kanye

(e) nesicelo esihlanganyele, esifaka izindlela eyodwa noma ngaphezulu zokusetshenziswa kwendawo njengoba kubekiwe ku (a) kuya ku (d) kanye nokusetshenziswa kwendawo okungena ngaphansi kwesigaba 3 no 4.

Izicelo zokuthuthukisa umhlaba ezisemkhakheni 3

28.(1) Isicelo esiyisigaba 3 kumele sicutshungulwe iNhlolo bese ithatha isinqumo: kodwa uma kufakwe isicelo sokuphikisa noma zokuphikisa ngesikhathi sokubamba iqhaza komphakathi maqondana nesicelo sokuklama kabusha umhlaba okukhulunywe ngakho esigatshaneni 2(f), iNkundla kaMasipala Yezokuhlela kufanele icubungule bese ithatha isinqumo ngaleso sicelo.

(2) Isicelo esiyisigaba 3 sifaka-

(a) isicelo semvume eyisipesheli;

(c) isicelo sokuhlukanisa umhlaba;

(d) isicelo sokuhlukanisa nokuhlanganisa umhlaba;

(e) isicelo sokusungulwa kwelokishi;

(f) isicelo sokuvalwa kwemigwaqo nezindawo ezivulekile zomphakathi;

(g) isicelo sokuklama kabusha umhlabangokuhambisana noHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo;

(h) isicelo sokususa, ukuchibiyela noma ukumisa imibandela evimbayo;

(i) isicelo sokuthuthukisa indawo ongangeni ohlelweni lokusetshenziswa kwendawo; kanye

(j) nesicelo esihlanganyele, esifaka izindlela eyodwa noma ngaphezulu zokusetshenziswa kwendawo njengoba kubekiwe ku (a) kuya ku (h) ngenhla kanye nokusetshenziswa kwendawo okungena ngaphansi kwezicelo eziyisigaba 4.

Izicelo zokuthuthukisa umhlaba ezisemkhakheni 4

29. (1) Isicelo esiyisigaba 4 kufanele sicutshungulwe iPhini leNhloko ebese lithatha isinqumo.

(2) Isicelo esiyisigaba 4 sifaka-

(a) isicelosokuxegiselwa ezimvumweni ezikhona, uma kunesidingo noma uma izimvume zitholakele;

(b) isicelosokukhululwa ezihlinzekweni zohlelo lokusetshenziswa kwendawo lapho sekutholakele izimvume ezidingekayo;

(c) isicelo senkontileka (*i-notarial tie*);

(d) isicelo sokuthuthukisa indawo engaphandle kohlelo lokusetshenziswa kwendawo maqondana nesicelo sokuxegiselwa noma ukukhululwa ezimvumweni ezikhona.

IKomidi Elihlanganyele Lokweluleka (JAC).

30.(1)Ngalokhu kusungulwa iKomidi Elihlanganyele Lokweluleka.

(2) Umsebenzi weKomidi Elihlanganyele Lokweluleka ukwenza izincomo kumthathizinqumo ngezicelo zokuthuthukisa umhlaba.

(3)INhloko iyoqoka abasebenzi abangeqile kwabane ababhaliswe ngokusemthethweni njengabahleli ukuba bahlale njengamalungu eJAC.

(4)INhloko iyoqoka usihlalo kulawo malungu.

(5) Uma kwenzeka uSihlalo engekho, omunye waBahleli besiFunda uyoqokwa ukuba abe ngusihlalo womhlangano.

(6) Amalungu amathathu eJAC kumele abe khonaukuze umhlangano ukwazi ukuqhubeka.

(7) IJAC kumele ihlangane kangangokuba kudingeka ukuze ikwazi ukwenza imisebenzi yayo.

(8) INhloko iyonquma izinqubo zokusebenza zeJAC.

(9) Ngaphambi kokuba noma isiphi isicelo sifakwe ohlelweni lomhlangano weJAC, umbiko kumele ube sewusayiniwe yihhovisi lesifunda kanti uMhleli wesiFunda kumele ahlanganise, asayine bese ethumela isitifiketi somhleli eKomdini Elihlanganyele Lokweluleka sazo zonke izicelo sokuthuthukisa indawo eziyisigaba 2 no 3 azitholile esiqinisekisa ukuthi lezo zicelo ziyahambisana nalo Mthetho kaMasipala.

(10) Ngaphezu kwesitifiketi okukhulunywe ngaso esigatshaneni (9), uMhleli wesiFunda kumele athumele isicelo kanye nemibhalo ehambisana naso ekomidini le JAC ngesikhathi esinqunyiwe sokwenza lokho emva kokuba esegculisekile ukuthi isicelo sipelele.

(11) IJAC kumele ithumele izincomo zayo kumththizinqumo zingakapheli ziinsuku eziyi -14 yenze lezo zincomo.

Ukuphawula ngezicelo

31. (1) INhloko ingenza izincomo zokugunyaza noma zokwenqabela noma isiphi isicelo esilethwe umnyango ukuba kuphawulwe ngaso.

ISAHLUKO 9

UKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI

Izinhlabo zezicelo zokuthuthukisa umhlaba ezidinga ukubamba iqhaza komphakathi

32. (1) Umfakisicelo kuyodingeka ukuba azise umphakathi ngesicelo sokuthuthukisa umhlabangalezi zinhlobo ezilandelayo zezicelo-

- (a) izicelo zemvume eyisipesheli;
- (b) izicelo zokuklama nokuklama kabusha;
- (c) izicelo zokususa, ukuchibiyela noma ukumisa imibandela evimbayo;
- (d) ukuvalwa kwemigwaqo nezindawo ezivulekile zomphakathi; kanye
- (e) nanoma isiphi isicelo esiyisigaba 2.

(2) Umfakisicelo kuyodingeka kuphela ukuba afake isaziso ngesicelo sokuthuthukisa umhlaba kubanikazi bomhlaba abangomakhelwane, noma lapho kufanele, abanikazi abathintekayo ngalezi zinhlobo ezilandelayo zezicelo-

- (a) isicelo sokukhululwa; kanye
- (b) nesicelo sokuxegiselwa.

(3) Lapho umnikazi ongumakhelwanenoma umnikazi othintekayo engayikhiphi imvume mayelana nesicelo okukhulunywe ngaso esigatshaneni (2), lesosicelo siyoguqulwa sibe isicelo semvume eyisipesheli.

Ukubamba iqhaza komphakathi

33. (1) Umfakisisicelo angaqhubeka kuphela nokufaka isaziso somphakathi maqondana nesicelo sokuthuthukisa umhlaba uma uMasipala usukuqinisekisile ngokubhala phansi ukuthi isicelo siphelile.

(2) Umfakisisicelo kumele aqale uhlelo lokwazisa umphakathi ngendlela efanele ehlinzekwe esigabeni 34 zingakapheli izinsuku eziyi-14 ethole isaziso okukhulunywe ngaso esigatshaneni (1).

(3) Lapho uMasipala ebona kungeke kwenzekwe ukubakuthunyelwe izaziso kubo bonke abanikazi abangomakhelwane baleyo ndawo ethintekayo, ngenhloso yokubamba iqhaza komphakathi, angabiza umhlangano womphakathi bese ekhipha isaziso emaphephandabeni ameme-

- (a) abantu abanentshisekelo nabathintekayo ukuba bethamele umhlangano; kanye
- (b) nokuthi umphakathi ulethe iziphikiso ezibhalwe phansi kuMasipala zingakadluli izinsuku ezingu -30 kusukela osukwini okuqoshwe ngalo isaziso.

(4) Umhlangano okukhulunywa ngawo kwisigatshana (3) kumele ubanjwe sekwendlule izinsuku eziyisikhombisa kodwa zingakadluli izinsuku ezingamashumi ayisithupha kukhishwe isaziso okukhulunywa ngaso esigatshaneni (3).

Indlela yokubamba iqhaza komphakathi

34.(1) Isaziso esikhishwa ephephandabeni, isaziso esichonywa esayithini kanye nesaziso esithunyelwe kubanikazi abangomakhelwane baleyo ndawo, abanikazi abathintekayo, amazanga kahulumeni kanye nekhansela lesigcemekufanele sibe nalolu lwazi olulandelayo-

- (a) amagama aphelele omfakisisicelo;
- (b) amandla umfakisisicelo asebenza ngaphansi kwawo uma engeyena umnikazi;
- (c) incazelo ephelele yendawo, efaka nekheli lendawo lalowo mhlaba;
- (d) isifingqo esifishane sesicelo;
- (e) igama lomuntu kanye nekheli lapho ukuphikisa noma ukuphawula kungabhekiswa khona;

- (f) ukuphikisa noma ukuphawula okubhalwe phansi kumele kubhekiswekuMasipala kanye nakumfakisiselo zingakapheli izinsuku ezingama-30-
- (i) kusukela osukwini lokushicilela ephephandabeni;
 - (ii) kwathunyelwa isaziso; noma
 - (iii) kwachonywa isaziso esayithini;
- (g) indawo nesikhathi lapho kungahlolwa khona imininingwane yesicelo; kanye
- (h) nanoma iluphi ulwazi olungaphezulu uMasipala ongaludinga ukuba lufakwe kwisaziso.

(2) Umfakisiselo kufanele akhiphe isaziso sesicelo sokuthuthukisa umhlaba ngokushicilela emaphephandabeni amabili endawo asatshalaliswa kuleyo ndawo: Kuncike ekutheni uma izinsuku zokushicilela zingefani, usuku lokugcina lokushicilela luthathwa njengosuku lokushicilela.

(3) Isaziso okukhulunywe ngaso kwisigatshana (2) kufanele sishicilelwe ngolimi lwephephandaba.

(4) Umfakisiselo,ngosuku noma ngaphambi kosuku lokushicilelwa kwamaphandaba okukhulunywe ngawo esigatshaneni (2) kufanele achome isaziso kuleyo ndawo futhi azisa abanikazi abaseduze, abanikazi abathintekayo, amazing kahulumeni kanye nekhansela lendawo.

(5)Umfakisiselo kufanele achome isaziso sendawo kuyo yonke imigwaqo engenela kuleyo ndawo.

(6)Isaziso sendawo noma izaziso zendawo kumele-

- (a) zibe u A3 ubukhulu futhi sihambisane nendlela ebekwe ebekwe nguMasipala mayelana nokuqukethwe kanye nokubekwa kwesaziso noma izaziso;
- (b) zichonywe ngendlela ezodala ukuba zibonakale zifundeke ngaso sonke isikhathi sokubekwa kwaso njengesaziso somphakathi

(7) Umfakisiselo uyothwala zonke izindleko ezihambisana nokufakwa kwesaziso somphakathi.

(8) Uma umnikazi oseduze noma oncikene naleyo ndawo eyilungu leBody Corporate noma leHome Owners Association, ukusevwa kwesaziso kwiBody Corporate noma kwiHome

Owners Association kuthathwa njengokusevwa kubo bonke abanikazi baleyo Body Corporate noma baleyo Home Owners Association.

Ubufakazi bokubamba iqhaza komphakathi

35.(1) Umfakisicelo kufanele adabule isiqeshana sesaziso asifake ephephandabeni njengobufakazi kuMasipala zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa kuvalwe isaziso okuyisikhathi esivumela ukuba kuthunyelwe iziphikiso.

(2) Ngaphezu kobufakazi okukhulunywe ngabo kwisigatshana (1), ngesikhathi esifanayo, umfakisicelo kumele athumele kuMasipala ubufakazi bokuthi-

- (a) ubanikile isaziso abanikazi abaseduze, ikhansela lendawo, abanikazi abathintekayo, noma amazinga khulumeni;
- (b) nencwadi efungelwe eqinisekisa ukuthi isaziso sendawo sichonyiwe kuleyo kanye; kanti
- (c) izithombe eziqinisekisa ukuchonywa kwesaziso sendawo kumele
 - (h) zibonakale ngokucacile zivele ukubekwa kwaso, amagama kanye nokubonakala lwesaziso; futhi
 - (i) sibe nosuku okwathathwa ngalo isithombe.

Ukuphikisa izicelo zokuthuthukisa umhlaba

36.(1)Ukuphikisa okubhalwe phansi okumayelana nesicelo sokuthuthukisa umhlabakufanele kuthunyelwe umfakisicelo nakuMasipala zingakapheli izinsuku ezingu 30 okuyisikhathi okuvulelwe ngaso ukulethwa kweziphikiso.

(2)Umfakisicelo angathumela ukuphawula kwakhe okubhalwe phansi kuMasipala ephendula ukuphikisa kungakapheli izinsuku ezichazwe kwisigatshana (1) ngaphezulu.

(3) Ukuphikisa kumele kube nalolulwazi olulandelayo-

- (a)igama nekheli lomuntu ophawulayo;
- (b)ikheli lapho umuntu angathunyelelwa khona noma isiphi isaziso, okungafaka nefeksi noma ikheli lemeyili;
- (c) ukuthinteka kwakhe kuleso sicelo;
- (d) nesizathu sokuphikisa; kanye
- (e) nesizathu sokucela ukwengezela kwesikhathi sokufaka iziphikiso.

Izicelo zokuthuthukisa umhlaba ezichitshiyelwe

37. (1) INhloko ingavumela umfakisicelo ukuba achibiyele isicelo sakhe ngaphambi kokuthi kuthathwe isinqumo uma lokho kuchibiyela kungeke kushintshe uhlobo lwesicelo.

(2) Lapho iNhloko ivumelaukuchitshiyelwa kwesicelo okuchazwe kwisigatshana (1),-

(a) ingadinga ukuba isicelo esichitshiyelwe siphinde sisatshalaliswe eminyangweni yangaphakathi nasezinhlakeni zikahulumeni ukuze kuphawulwe; futhi

(b) inganquma indlelayokubamba iqhaza komphakathi okungadingeka ukuba umfakisicelo ayilandele.

(3) Lapho iNhloko idinga umfakisicelo ukuba alandele indlela ethile yokubamba iqhaza komphakathi ngesicelo esichitshiyelwe okukhulunywe ngaso kwisigatshana (2)(b), noma ikuphi ukuphikisa okwakuthunyelwe phambilini kuyophelelwa isikhathi bese kucutshungulwa kuphela lokho kuphikisa okuthunyelwa ngesikhathi sokubamba iqhaza komphakathi ngesicelo esichitshiyelwe.

ISAPHELA 10**ISIGUNGU SIKAMASIPALA SOKUHLELA****Ukusungulwa kwesiGungusikaMasipala Sokuhlela**

38. (1) UMasipala kufanele usungule isiGungu ukuze sicubungule izicelo zokuthuthukiswa komhlaba ngokwalo Mthetho kaMasipala.

(2) IsiGungu kufanele sibe nezikhulu ezisebenzela umasipala ngokugcwele kanye nabantu abazoqhamuka ngaphandle abazobe beqokwe uMkhandlu kaMasipala.

(3) IKhansela likaMasipala akufanele liqokwe njengelungulesiGungusikaMasipala sokuhlela.

(4) IsiGungu kufanele sisebenzise amandla aso ngokuzimela futhi sihambisane nemigomo yobuqotho, ukungachemi, kanye nokulandela indlela efanele.

(5) UMasipala, uhlaka lukahulumeni kanye nanoma imuphi umuntu akufanele agxambukele ekusebenzeni kwesiGungu.

(6) ILungulesiGungu kufanele lisebenze ngokungachemi futhi lisebenzise amandla futhi lenze imisebenzi yalongendlela enobulungiswa ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukubandlulula.

(7) IsiGungusingakhipha umyalelo obhalwe phansi siwubhekise kunoma isiphi isikhulu noma umsebenzi kaMasipala, simyalela ukuba avele ngaphambi kwesiGungu ngenhloso yokuhlinzeka ngolwazi olufanele lesi sicelo.

Inqubo yokuqoka amalungu esiGungu

39. (1) UMasipala, ngokufaka isaziso emaphephandabeni amabili angacela ukuba kukhethwe abantu abaqhamuka ngaphandle ukuba babe ngamalungu esiGungu.

(2) Noma imuphi umuntu wangaphandle ozophendula kuleso sazi so kufanele-

(a) afake isicelo esibhalwe phansi ngokugcwalisa ifomu elibekiwe lihambisane nalawo maphepha adingakalayo kuleso sikhathi esibekiwe; futhi

(b) ahambisanenezimfanelo nendlela ebekiwe yokuqokelwa ukuba yilungu lesiGungu.

(3) UMkhandlu kufanele ucubungule izincomo zokuqoka ezenziwe iphaneli yabahlungi eyakhiwe izikhulu zikamasipala bese uqoka omunye umuntu wangaphandle ukuthi ahlale kulesi siGungu.

(4) Umuntu oqokiwe kufanele anikezwe incwadi yokuqokwa enemigomo nemibandela yokuqokwa kwakhenjengoba inganqunywa nguMkhandlu futhi ngokuhambisana nanoma imiphi imigomo namazinga abekiwe.

(5) Isikhulu esiyisebenzi sikamasipala sibophezelekile ngokwemibandela yaso yokusebenza futhi angeke sithole umholo owengeziwe, isibonelelo, ilivu yokuphumula, ilivu yokugula kanye nanoma imiphi eminye imihlomulo ngenxa yokuba ilungulesiGungu.

(6) IsiGungusingakwazi ukuqala ukusebenza uma iMenenja kaMasipala isikhiphe isaziso kwiGazethi Yesifundazwe eqinisekisa umthethosisekelo wesiGungu, amagama amalungu kanye nosuku lokuqala kokusebenza kwesiGungu.

(7) UMasipala kumele acele ukuba kuqokwe abanye abantu ngokulandela izinhlelo ezibekwe kulesi sigaba uma labo abatholakele bengahlangabezani nenqubo ebekiwe yokuqoka amalungu.

Ukwakheka kwesiGungu

40. (1) IsiGungu kufanele sibe—

- (a) nabasebenzi abaqokiwe abasebenza ngokugcwele kuMasipala; kanye
- (b) nabantu abaqhamuka ngaphandle abaqokwe uMkhandlu kaMasipala.

(2) Noma imuphi umuntu obekwe noma oqokwe njengelungulesiGungu kufanele abenemfundo efanele, abhalise enhlanganweni yomkhakha womsebenzi akuwo uma ikhona, ulwazi ngokwesipiliyoni anaso kwezokuhlelwa komhlaba, ukusingathwa kokusetshenziswa nokuthuthukiswa komhlaba, noma umthetho ohlobene nalokhu.

(3) Izikhulu eziqokiwe ezisebenza ngokugcwele kuMasipala kufanele -

- (a) zibe ngabahleli ababhalisile;
- (b) kube ngumsebenzi wezemvelo obhalisile; kanye
- (c) noMeluleki Wezomthetho oMkhulu, uMeluleki Wezomthetho Oyinhloko, iPhini leNhloko noma iNhloko yoMnyango wakwa-Legal and Compliance.

(4) Umuntu oqhamuka ngaphandle oqokwe uMkhandlu kaMasipala kufanele abe-

- (a) umhleli wamapulani obhalisiwe onesipiliyoni sokuhlela amapulani; kanye
- (b) nomhleli wamapulani obhalisiwe onesipiliyoni sokuthunyelwa kwezicelo zokusetshenziswa komhlaba.

(5) Amalungu angamaphesenti angu 50 kanye nelungu elilodwa ngaphezulu esiGungu ayasenza isibalo esanele sokuhlala komhlangano (ikhoramu): ngaphansi kokuthi umhleli wamapulaniobhalisile kanye noMeluleki Wezomthetho okukhulunywe ngabo esigabeni 40(3)(c) bakhona ukuze kuqhubeka umhlangano.

(6) isiGungungesikhathi senza umsebenzi waso, singacela, siqoke noma sisebenzise umeluleki wezobuchwepheshe noma ungoti walowo mkhakha othintekayo.

(7) Umeluleki wezobuchwepheshe noma uongoti okukhulunywe ngabo esigatshaneni (6) abawona amalungu futhi abanalo ilungelo lokuvota emhlanganweni wesiGungu.

(8) Umeluleki onguchwephesheongesona isisebenzi sikahulumeni noma sikaMasipala angakhokhelwa ngendlela efanele.

(9) Isikhathi sokuba sezikhundleni kwamalungu esiGungu siyoba iminyaka emihlanu, noma leso sikhathi esifushane esinganqunywa uMkhandlu, ngaphansi kokuthi ilungu angeke likwazi ukuqhubeka nokuba ilungu isikhathi esingaphezu kweminyaka eyishumi.

(10) UMasipala angaqoka isikhulu sikamasipala njengelungu lesikhashana lesiGungu, esikhundleni selungu eliqokelwe lokho ngokwendima (1)(a), uma lelo lungu elisemthethweni lingekho ngenxa yokugula noma liselivini yokuyobeletha futhi linikiwe imvume yokuthatha leyo luvu ngusihlalo.

(11) Ilungu eliqokwe okwesikhashana ngokwesigatshana (10) kumele kube ngeliqashwe ngumasipala esikhundleni esifanayo nesalelo longu elisemthethweni elibambeke.

Ukuqokwa kukaSihlalo

41. (1) UMkhandlu kufanele uqoke ilunga elizosebenza njengosihlalo futhi lowo muntu kumele ahlale kulesi sikhundla isikhathi esingeqile eminyakeni emihlanu.

(2) UMkhandlu kufanele uqoke omunye kumalungesiGungu ukuba abe yiPhini likaSihlalo futhi lowo muntu kumele ahlale kulesi sikhundla isikhathi esingeqile eminyakeni emihlanu.

(3) IPhini likaSihlalo kufanele lisebenze njengosihlalo esiGungwini uma uSihlalo engekho noma engakwazi ukwenza umsebenzi wakhe. Uma kwenzeka bobabili, uSihlalo kanye nePhini likaSihlalo bengekho noma bengakwazi ukwenza umsebenzi wabo, amalungu angakwazi ukwenza umsebenzi wabo, amalungu angakwazi ukwenza umsebenzi wabo, amalungu angakwazi ukwenza umsebenzi wabo, amalungu angakwazi ukwenza umsebenzi wabo.

(4) USihlalo, noma uma kwenzeka iPhini likaSihlalo, uyena oyosayinela isiGungu.

(5) USihlalo kufanele aqondise umsebenzi wesiGungu, amele isiGungukuzo zonke izinto eziphathelele nezokuphatha futhi engamele imihlangano yesiGungu.

(6) USihlalo kufanele anqume isikhathi nendawo lapho kuzobanjelwa khona imihlangano yesiGungu.

(7) USihlalo usizwa yihhovisi leSPLUMA ekwenzeni imisebenzi yakhe.

(8) Isinqumo seningi lamalungesiGungu isinqumo esingujuqusesiGungu.

(9) Uma ngodaba oluthile kuba nesibalo samavoti esilinganayo, lowo okhethwe okwengamela umhlangano nguyena oyoba nevoti elithatha isinqumo ngaphezu kwevoti lakhe lokuba yilungulesiGungu.

Isikhathi sokuba sesikhundleni kwamalungesiGungu

42. UMkhandlu kaMasipala ungaqoka umuntu wangaphandle ukuba abe yilungu lesiGunguisikhathi esiyiminyaka emihlanu noma esifishane kuye ngokunquma koMkhandlu.

Ukukhishwa ekubeni yilungu lesiGungu

42. (1) Umuntu angeke akwazi ukuba aqokelwe noma aqhubeke nokuba yilungulesiGunguuma –

- (a) engesona isakhamuzi noma engahlali ngokuphelele kwiRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika;
- (b) eyilunga noma ekhethelwe ukuba yilungu lePhalamende, Isishayamthetho sesifundazwe, uMkhandlu kaMasipala noma iNdlu Yobuholi Bomdabu;
- (c) ecwile ezikweletini;
- (d) amenyezela inkantolo yomthetho njengomuntu ophazamisekile ngokomqondo noma eboshelwe ngaphansi komthetho wabaGula ngeNgqondo, 2000(uMthetho No. 17 ka 2002);
- (e) wake walahlwa amacala okwephula umthetho ahlanganisa ukungethembeki;
- (f) wake wakhishwa esikhundleni ngenxa yokungaziphathi kahle;
- (g) wake wakhishwa esiGungwiningaphambilini ngokwephula noma iziphi izihlinzeko zomthetho weSPLUMA, umthetho wesifundazwe oshaywe ngokweSPLUMA noma ngokwalo Mthetho kaMasipala;
- (h) etholakale enecala lokungaziphathi kahle nokungasebenzi ngendlela;
- (i) ehlulekile ukuthobela izihlinzeko zeSPLUMA nanoma umuphi umthetho wesifundazwe eshaywe yiSPLUMA noma ngokwalo Mthetho kaMasipala;
- (j) emenyezela yinkantolo njengomuntu owehluleka ukusingatha izindaba zakhe noma ofakwe ohlelweni lokuphathelwa izimali,
 - (k) ehluleka ukudalula ukuthinteka kwakhe odabeni oluthile bese eqhubeka nokuba yingxene yomhlangano;
 - (l) ephutha emihlanganweni emibili ilandelana ngaphandle kokunikwa ilivu yokungabibikho yisiGungu; noma
 - (m) eyilingu keJAC

(2) IlungulesiGungukufanele lishiye esikhundleni ngokushesha uma lelo lungu litholakala ukuthi alifanelekile ukuba sesikhundleni ngokusho kwesigatshana (1).

(3) Isikhala esiGungwini sivela uma-

- (a) ilunga lesula ngokubhala incwadi;
- (b) kuphele isikhathi sokuba sehhovisini kulelo lungu;

- (c) lidlulile emhlabeni;
- (d) lingasafanelekile ukuba sesikhundleni njengokulandisa kwesigatshana(1);
- (e) uMkhandlu ukhipha ilungu ehhovisini; noma
- (f) ilungulingasafanelekile ukuba ilungulesiGungunoma lingasahlangabezani nenqubo yokuqokelwa ukuba yilungu lesiGungu.

(4) Uma kukhona isikhala, isiGunguangeke ivinjwe ekwenzeni imisebenzi yaso kanti uMasipala kufanele ukhethe ngokushesha umuntu ozoba ilungulesiGungungokulandela inqubo ebekiwe yokuqoka amalungesiGungu.

(5) UMkhandlu ungalikhipha esiGungwini ilungu eliqhamuka ngaphandle emuva kokuba selinikiwe ithuba lokwenza izethulo zokuphendula ngezizathu ezidale ukuba likhishwe esikhundleni.

(6) Ilungu lesiGunguakufanele emhlanganweni ngaphandle kokuthola imvume ebhalwe phansi egunyazwa uSihlalo, futhi kufanele lihlele ukwenziwa komsebenzi walo ngalesi sikhathi lingeko.

(7) Ukwepfulwa komthetho yinoma ngumuphi umsebenzi kufanele kubhekanwe nakho ngokwesigaba 67(1) (h) soMthetho Wezinhlalo Zomasipala.

(8) IlungulesiGungu —

- (a) kufanele liveze konke ukuthinteka ngqo kwalo, noma ikuphi ukuthinteka okungase kube khona ngesikhathi esibekiwe; futhi
- (b) akufanele lithamele umhlangano noma livote konoma imuphi umhlangano wesiGungu oqondene noma yiluphi udaba oluhlangene nokuthinteka kwalo.

(9) IlungulesiGunguliba nokuthinteka ngqo uma —

- (a) ilungu uqobo noma ilungu lomndeni walo, uphathina noma uzakwabo ebhizinisini engumfakisicelo noma enokunye ukuthinteka nje odabeni oludingidwa yisiGungu; noma
- (b) ilungu linokunye nje ukuthinteka okungalivimba noma okubonakala kungalivimba ekwenzeni imisebenzi yalo ngendlela enobulungiswa, engachemi futhi efanele.

(10) Uma nganoma isiphi isikhathi kusaqhubeka umhlangano, kuvela ukuthi ilungu liyathinteka ngqo odabeni olithile-

(a) ilungu kufanele lidalule ngokuphelele ukuthinteka kwalo bese liwushiya umhlangano; futhi

(b) lokhoelikudalulayo kufanele kuqoshwe emaminithini omhlangano.

(11) IMenenja kaMasipala kufanele ibe nerejista eqopha kuyo konke ukudalula ukuthinteka okwenziwe ngamalungu esiGungu.

(12) Wonke amalungu esiGungukufanele athobeleIndlela Yokuziphatha Kwamalungu esiGungu.

(13) Ilunga elisebenza ngokugcwele kuMasipala, ngaphezu kokuthobela indlela yokuziphatha okukhulunywe ngayo esigatshaneni (12), kufanele liphinde ligcine izihlinzeko zeNdlela Yokuziphatha Kwabasebenzi bakaMasipala njengoba ibekiwe kusheduli 2 woMthetho Wezinhlelo Zomasipala.

(14) UMasipala ungahlangula ecaleni futhi uhlinzeke ilungulesiGungungommeli lapho kufakwe khona amacala ngalelo lungu avele ngesikhathi lenza noma imuphi umsebenzi wesiGungukanye nalapho lenze ngokuthembeka, nangale kokuba budedengu kanye nangokuhambisana nezinhlinzeko zanoma iyiphi inqubomgomo eyamukelwe nguMkhandlu ephathelene nemigomo nemibandela yokuzihlangula ecaleni.

ISAHLUKO 11

IZINQUMO NGEZICELO ZOKUTHUTHUKISA UMHLABA

Ukunquma ngesicelo sokuthuthukisa indawo

44. Umthathisinqumo, lapho kufanele, kumele abheke lokhu okulandelayo ngesikhathi ecubungula futhi enquma nganoma isiphi isicelo sokuthuthukisa indawo-

- (a) uMthethosisekelo;
- (b) uguquko olulindeleke ngokoMthethosisekelo nemisebenzi yamazinga kahulumeni;
- (c) imigomo yentuthuko;
- (d) uhlobo lwesicelo oluthunyelwe;
- (e) inqubo elandelwe ngesikhathi kuhlaziywa isicelo;
- (f) I-IDP kanye noHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo;
- (g) izinhloso nombono kaMasipala kwezentuthuko;
- (h) izihlinzeko zohlelo lokusetshenziswa kwendawo;

- (i) uHlaka lukaZwelonke nolwesiFundazwe Lokuthuthukisa Indawo; nalapho kufanele, noHlaka lwesiFunda Lokuthuthukisa Indawo;
- (j) iqoqo lamapulani ahlanganisiwe;
- (k) noma ikuphi ukuphikisa nokuphawula okwafakwa ngesikhathi sohlelo lokubamba iqhaza komphakathi;
- (l) noma ikuphi ukuphendula okubhalwe phansi okwenziwe umfakisicelo ephendula ngeziphikiso nokuphawula okwatholakala;
- (m) noma ikuphi ukuphawula okwatholakala eminyangweni yangaphakathi, kanye nasemazingeni kahulumeni;
- (n) ukuthinteka komphakathi;
- (o) isimo nomthelela wemisebenzi yezobunjiniyela, ingqalasizinda yomphakathi kanye nezidingo zendawo evulekile;
- (p) izimali zentuthuko ezazisebenza ngokomthetho ngesikhathi kufakwa isicelo;
- (q) amaqiniso nezimo ezibalulekile kwisicelo; futhi uma kufanele, kubandakanya izindaba okukhulunywe ngazo eMthethweni Wokuhlela Nentuthuko njengezindaba ezihlobene naleso sicelo;
- (r) amalungelo nezibopho okufanele kwabo bonke abathinteka ngokufakwa kwesicelo;
- (s) ukucubungula nezincomo zama-planner okubhalwe phans;
- (t) ukuthotshelwa kwemithetho yezemvelo kanye nanoma imiphi eminye imithetho efanele ephathelene nezokuhlela nokusingathwa kokusetshenziswa komhlaba;
- (u) izincomo ezenziwe yiKomidi Elihlanganyele Lokweluleka (JAC);
- (v) iqhaza nokuthinteka koMkhandlu wamaKhosi kuleso sicelo;
- (w) noma iyiphi inqubomgomo kaMasipala esebenza mayelana nokuthathwa kwezinqumo, ezokuhlela nokusingathwa kokusetshenziswa komhlaba;
- (x) nanoma yini enye, okufaka izikhathi ezinqunyiwe zokuthathwa kwezinqumo;
- (y) izinqubomgomo, imigomo kanye namazinga noma eminye imihlahlandlela ebekwe nguHulumeni kaZwelonke kanye nowesiFundazwe; kanye
- (z) nesigaba 42 somthetho weSPLUMA

(2) Isaziso zezinqumo kumele siqukathe lolu lwazi olulandelayo:

- (a) imininingwane yomfakisicelo;
- (b) umphumela wesicelo;
- (c) izizathu zezinqumo okukhulunywe ngaso endimeni (b);
- (d) noma imiphi imibandela isicelo esigunyazwa ngaphansi kwayo;
- (e) noma imiphi imiyalelo eqondene noMdabulimhlaba Omkhulu, uma ikhona;
- (f) isizathu sanoma iluphi uguquko olwenziwe esicelweni;

- (g) usuku lokuvala lokudluliswa kwezinqumo; kanye
- (h) nosuku lokuqala ukusebenza kwesinqumo sikaMasipala.

(3) Noma iliphi iphutha lokubhala elenzeke embhalweni noma ekuqoshweni kwesinqumo lingalungiswa nguSihlalo weNkundla, iNhlolo yoMnyango noma iPhini leNhlolo yoMnyango ngokuhambisana nesigaba sesicelo.

Imisebenzi namajoka kamthathisinqumo

45. (1)Umthathisinqumo kufanele —

- (a) acubungule bese enquma ngazo zonke izicelo ezidluliswe noma zathunyelwa kuye ngokomthetho;
- (b) acubungule zonke izincomo ezithunyelwe yi JAC ngaphambi kokuthatha isinqumo ngesicelo;
- (c) agcine amarekhodi ayo yonke imihlangano; futhi
- (d) ahlinzeke ngezizathu ezibhalwe phansi zanoma iziphi izinqumo azithathile; futhi
- (e) agcine irejista lazo zonke izaziso zezinqumo.

(2)Umthathisinqumo—

- (a) angabeka noma imiphi imibandela efanele eqondene nokuhlinzekwa kwemisebenzi yobunjiniyela kanye nokukhokhelwa kwanoma iziphi izimali zentuthuko;
- (b) angachibiyela noma amise umbandela obekiwe;
- (c) angenza noma ikuphi ukunquma okufanele mayelana nazo zonke izindaba ezifanele noma ezihambisana nokwenza umsebenzi wakhe ngokomthetho we SPLUMA, umthetho wesiFundazwe kanye nangokwalo Mthetho kaMasipala;
- (d) angenza noma iluphi uphenyo oluqondene nesicelo esiphambi kwakhe;
- (e) angacela uMkhandlu ukuba uqoke isisebenzi sakhe noma uqoke noma imuphi umuntu ngokwesigaba 32(3) se SPLUMA njengomhloli ukuba enze uphenyo;
- (f) angacela olunye ulwazi kunfakisicelo
- (g) anganikeza imiyalelo efanele eqondene nemisebenzi yakhe kunoma imuphi umuntu osebenzela uMasipala;
- (h) angaya kohlola indawo;
- (i) anganquma nganoma imuphi umbuzo osendaweni engaphansi kwakhe;

- (j) angaqoka umeluleki wezobuchwepheshe ukuba ameluleke noma amsize ekwenzeni imisebenzi yakhe ngokomthetho we SPLUMA nangokwalo Mthetho kaMasipala;futhi
- (k) angenza isinqumo sokuthi ingabe umuntu ufanelekile yini njengomuntu othintekayo ukuba anikezwe igunya lokuba umngeneleli esicelweni sokuthuthukisa indawo futhi anganqinda ukubamba iqhaza kwalowo muntu kube mayelana nalezo zinto okutholakale ukuthi uyathinteka kuzo kuphela.

Ukuthatha isinqumo

46.(1)Umthathisinqumo -

- (a) angaphasisa isicelo sonke noma ingxenye yaso;
- (b) angaphasisa isicelo abeke imibandela;
- (c) angasenqaba isicelo; noma
- (d) angahlehlisa ukuthathwa kwesinqumo sesicelo ukuze kuyiwe kohlola indawo noma kuyokwenziwa olunye uphenyo, noma ukuze kutholakale iseluleko sochwepheshe noma ukuze kutholakale olunye ulwazi oludingeka kumfakisicelo: Kuncike ekutheni isinqumo angeke sahlehliswa isikhathi esingaphezu kwezinsuku ezingu -30.

(2) IsiGungu singacela ukuba kulalelwe lesi sicelo bese sazisa umfakisicelo, nanoma imuphi umuntu ofake isiphikiso kanye nanoma imuphi umuntu onganikwa igunya lokuba ngumngeneleli ngosuku, isikhathi kanye nendawo okuzohlalwa kuyo.

(3) Lapho kufanele, isaziso sokulalelwa kwesicelo okukhulunywe ngaso esigatshaneni (2) kufanele-

- (a) sibe nendawo, usuku nesikhathi okuzohlalwa ngaso;
- (b) sisho inhloso yalokho kulalelwa kwesicelo;
- (c) sazise zonke izinhlangothi ngamalungelo azo zokuba khona noma zokumeleka kulowo mhlango;
- (d) sazise zonke izinhlangothi ngamalungelo azo zokubeka udaba lwazo noma zokuhola ubufakazi bokweseka udaba lwazo; futhi
- (e) sifake nanoma iluphi olunye ulwazi oludingekayo.

(4) Umfakisicelo kanye nanoma imuphi omunye umuntu ohlose ukuba khona ecaleni kumele azise isiGungungenhloso yakhe yokuzolalela ngaphambi kokulalelwa kwalo.

- (5) Abantu okukhulunywe ngabo esigatshaneni (2) bangavunyelwa ukuba babize ungoti oyedwa noma ngaphezulu njengofakazi kanti kumele athumele ubufakazi obufingqiwe bukungoti esiGungwini kusasele izinsuku eziyisikhombisa ngaphambi kokulalelwa kwecala.
- (6) Ubufakazi obufingqiwe obuzokwethulwa wungoti kumele kube okungenani nolwazi olwanele oluzodala ukuba olunye uhlangothi lukwazi ukubona ukuthi luvumelana noma luphikisana kangakanani nalobo bufakazi bukungoti.
- (7) IsiGungu, lapho bekulalelwe khona icala, kumele sithathe isinqumo zingakapheli izinsuku eziyi-30 kulalelwe lelo cala.
- (8) Ngaphansi kwesigatshana 45(1) salo Mthetho kaMasipala, isiGungu, lapho bekungadingekile ukuba kulalelwe icala, kumele sithathe isinqumo ngesicelo zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa sithole izincomo zeJAC.
- (9) Ngaphansi kwesigatshana 45(1) salo Mthetho kaMasipala, iNhloko noma iPhini leNhloko kumele lithathe isinqumo ngesicelo zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa lithole izincomo zeJAC.
- (10) Umthathisinqumo kumele athumele kumfakisicelo kanye nakunoma imuphi umuntu ophikisayo, noma imuphi umuntu ogunyazwe ukuba umngeneleli, kanye nakuMhleli wesiFunda uma kufanele, isaziso esisayiniwe ngesinqumo zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa kuthathwe lesi sinqumo.
- (11) Umthathisinqumo, uma engakwazi ukuthatha isinqumo ngesicelo ngesikhathi esinqunyiwe, kumele azise umfakisicelo ngokumbhalela incwadi, amazise ngokubambezeleka kanye nezizathu zalokho, futhi asho usuku okulindeleke ukuba kuthathwe ngalo isinqumo ngaleso sicelo.
- (12) Lapho umthathisinqumo esiphikisile isicelo, uMasipala angavumela umfakisicelo ukuba athumele isicelo esisha uma kuphela ezokwazi ukukhombisa ukuthi sekukhona ukuguquka kwezimo.
- (13) Lapho kungekho ukwedluliswa kwezinqumo okwenziwe, isinqumo siqala ukusebenza ngosuku olulandela ukuphela kwesikhathi sokwedlulisa isinqumo: Ngaphansi kokuthi uma besingekho isidingo sokubamba iqhaza komphakathi ngaleso sicelo futhi

nomfakisicelo engalisebenzisanga ilungelo lakhe lokwedlulisa isinqumo, isinqumo siqala ukusebenza ngosuku esithathwe ngalo.

(14) UMasipala kumele azise zonke izinhlangothi okukhulunywe ngazo esigatshananeni (10) ngokuzibhalela phansi, ngosuku lokuqala ukusebenza kwesinqumo zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa kuphele isikhathi noma usuku lokugcina okukhulunywe ngalo esigatshananeni(13).

(15) Lapho kufakwe isicelo sokwedlulisela phambili isinqumo, isinqumo siyamiswa kuze kutholakale umphumela wokwedluliswa kwaso.

Ukuvunywa kwesicelo sokuthuthukisa indawo okunemibandela

47. (1) Isicelo singavunywa ngaphansi kwemibandela enganqunywa umthathisinqumo.

(2) Ukuvunywa kwesicelo okunemibandela kuyaphela uma imibandela ingalandelwa —

(a) esikhathini esiyiminyaka emibili kusukela osukwini okwavunywa ngalo, uma singabekwanga isikhathi okumele kuthotshelwe ngaso leyo mibandela ngesikhathi kuvunywa isicelo; noma

(b) esikhathini esibekiwe sokuthobela leyo mibandela ebekwe ngesikhathi kuvunywa isicelo, kanye nanoma isiphi isikhathi esinwetshiwe esingagunyazwa, kepha esingekwe seqe eminyakeni emihlanu.

(3) Isaziso sesinqumo kumele sikubeke kucace ukuthi leso sinqumo siyosebenza isikhathi esingakanani, kanti isinqumo siyophelelwa isikhathi uma amapulani okwakha engazange athunyelwe kuMasipala ngesikhathi esinqunyelwe ukwenza lokho: Ngaphandle uma uMasipala emva kokuba kufakwe isicelo ngaphambi kokuphelelwa isikhathi saleso sinqumo enganweba isikhathi saleso sinqumo.

(4) Lapho umsebenzi udinga ukuba kugunyazwe isicelo sokuthuthukisa umhlaba kanye nokuphasiswa kwamapulani okwakha, imvume yokuthuthukisa umhlaba kumele itholakale kuqala ngaphambi kokuba kuphasiswe amapulani okwakha: Kepha ukugunyazwa okwenziwe ngokwalo Mthetho kaMasipala akuqinisekisi ukugunyazwa yiNational Building Regulations and Building Standards Act, 1977 (uMthetho No.103 ka 1977).

(5) Umfakisicelo kumele azise uMasipala ngokumbhalela phansi uma esekulungele ukuqala umsebenzi kuleyo ndawo.

(6) UMasipala kumele aqinisekise ukuthi imibandela okuvunyweisicelo ngaphansi kwayo iyalandelwa ngaphambi kokuba-

- (a) kubekwe isakhiwo kulowo mhlaba noma kusetshenziswe lowo mhlaba ngokuhambisana nemvume leyo;
- (b) kwakhiwe ibhilidi kulowo mhlaba;
- (c) kungenwe kuleyo ndawo; noma
- (d) kubhaliswe umhlaba kobunye ubunikazi;

ngokuhambisana nemibandela leyo ebekiwe.

(7) Izihlinzeko zesigatshana (6) azikuvimbeli ukusetshenziswa komhlaba ngokwenhloso eyayihlelelwe yona ngaphambi kokuvunywa kwesicelo ngaphandle uma umthathisinqumo ekhiphe umyalelo owehlukile emibandeleni yakhe yokuvuma isicelo.

(8) Isivumelwano sokuvala kwendawo ehlukenisiwe noma ehlanganisiwe okwavunywa nguMasipala kepha engakasikhiphi isitifiketi sokuthi umfakisisicelo uhambisane nemibandela yokuvunywa kwesicelo ngaphambi kokuba ibhaliswe egameni lakhe, kumele sibe nendima edalula ukuthi-

- (a) umfakisisicelo akakahlangabezni nemibandela yokuvunywa kwesicelo; nokuthi
- (b) indawo leyo angeke ikwazi ukubhaliswa egameni lakhe njengoba kuchazwe esigabeni 1 somthetho Alienation of Land Act, 1981 (uMthetho No.68 ka 1981).

Ukwaziswa kukaMdabuli Womhlaba Omkhulu noMbalisibunini Bomhlaba

48. Umthathisinqumo kumele esikhathini esibekiwe ngemuva kokuba isinqumo sokusetshenziswa komhlaba esimayelana nokusetshenziswa komhlaba okungahambisani nombandela wetayitela, azise —

- (a) uMbalisibunini bomhlaba (Registrar of Deeds) ohhovisi lakhe ligcina amafayela alezo zigunyazo; kanye
- (b) neHhovisi lika oMdabuli womhlaba Omkhulu (Surveyor-General), ohhovisi lakhe ligcina amafayela ezigunyazo ezithinta imidwebo noma iplani.

Ukususwa, ukuchitshiyelwa kanye nokumiswa kwemibandela

49.(1) UMasipala angeke avumele ukuba kufakwe isicelo sokussa, ukuchibiyela noma ukumisa imibandela maqondana ne-

- (a) nelungelo lemayini elibhalisiwe;
- (b) nombandela ovuna iKwaZulu-Natal Conservation Board ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yokususa, ukuchibiyela noma ukumisa umbandela;

- (c) umbandela ovuma iSouth African Roads Board obekwe ngokwe South African Road Boards Act k 1988 (uMthetho No.74 ka 1998);
- (d) umbandela obekwe yi South African National Roads Agency Limited (SANRAL);
- (e) umbandela ebekwe yilungu le Executive Council ngokomthetho iKwaZulu-Natal Provincila Roads Act, 2001 (uMthetho No. 4 ka 2001);
- (f) umbandela ophathelene nokudayiswa komhlaba, okubala nelungelo lokuthenga umhlaba kanye nombandela wokuthi inani lebhilidi kumele libe ngaphezu kwenani eliyithile; noma
- (g) umbandel ophathelene nomhlaba oyoifa, okubala umbandela ovumela umuthu ilungelo lokusebenzisa umhlaba impilo yakhe yonke.

(2) Umbandela osetayiteleni omayelana namalungelo okusebenzisa umhlaba ungachitshiyelwa ngemvume kaMasipala kuphela.

(3) Ngesikhathi kucutshungulwa isicelo sokususa, ukuchibiyela noma ukumisa umbandela, umthathizinqumo akaphoqelekile ukunxephezela noma ngubani olahlekelwe yinoma yini okudalwe noma okuhambisana nesinqumo esithathwe ngokwenza okuhle.

(4) Umfakisicelo kumele ashicilele ephephandabeni ngendlela enqunyiwe futhi efanele isaziso sokugunyazwa kokususwa, ukuchibiyela noma ukumiswa kombandela.

(6) Isitifiketi sikakhonveyensa kumele sifakwe nesicelo sokususa, ukuchibiyela noma ukumiswa kombandela esiqinisekisa ukuthi-

- (a) ulihlolile itayitela, kanye nokuthi;
- (b) ayikhoeminye imibandela yetayitela eyothintekangenxa yokususwa, ukuchibiyela noma ukumiswa kombandela.

(6) Umfakisicelo kumele ahambise itayiteka uqobo lwalo kanye nesaziso sesinqumo, isitifiketi esikhishwenguMasipala esiqinisekisa ukuthotshelwa kwemibandela kanjalo nobufakazi besaziso esakhishwa ngokwesigatshana (4) siya kuMdabuli womhlala kanye nakuMbhalisibunini bomhlaba ngesikhathi esinqunyelwe lokho ukuze kufakwe ngendlela kuphinde kugunyazwe kwirejista, itayitela, umdwebo noma ipulani efanele emahhovisini afanele ngokwehlukana kwawo.

Izindawo zasemalokishini

50. (1) Ukuvunywa kwesicelo sokuthuthukisa indawo ukuze kwakhiwe ilokishi kungaba ngaphansi kwemibandela ethile.

(2) UMasipala kumele kanye nesaziso ngesinqumo akhiphe isitifiketi esiqukethe imibandela yokusungulwa kwalo okukhulunywe ngayo kwisigatshana (1).

(3) UMasipala kumele wazise uMbhalisibunini bomhlaba kanye noMdabuli womhlaba ngokugunyazwa kwesicelo kanye nemibandela yokusungula ebekiwe.

(4) Ngemuva kokugunyazwa kwesicelo, umfakisicelo kumele ahambise kuMdabuli womhlaba amapulani kanye nemidwebo ukuba kugunyazwe ngokufanele ngezikhathi ezibekiwe, aphinde ahlinzeke uMasipala ngekhophi yepulani kanye nemidwebo egunyazwe nguMdabuli Womhlaba Omkhulu.

(5) Umfakisicelo angahambisa ipulani yokwakha kuMasipala kuphela ngemuva kokuba esethole zonke izitifiketi ezidingekayo eziwubufakazi bokuthi imibandela yokwakha isithotsheliwe, noma ukuthi usethole imvume ebhalwe phansi kuMasipala yokwakha ngaphambi kokuba athole izitifiketi lezo nangaphambi kokuthobela imibandela yokwakha.

(6) UMasipala ungavumela ukudayiswa kweziqephu zomhlaba emalokishini ngaphambi kokuvuma kwakhe.

(7) Umfakisicelo kumele athumele ubufakazi obubhaliwe kuMasipala bokuthobela imithetho ngendlela ebekiwe eqinisekisa ukuthi-

- (a) uyithobelemibandela ebekiwe yokusungula kanye;
- (b) nokuthi wonke amasevisi angaphandle nangaphakathi asefakiwe elokishini ngendlela egculisa uMasipala.

(8) UMasipala uyokhipha isitifiketi ngendlela efanele asinike umfakisicelo esiqinisekisa ukuthotshelwa kwemithetho njengokulandisa kwesigatshana (7).

(9) UMbhalisibunini bomhlaba ngeke akuvumele ukubhalisa ukwedluliswa kobunini banoma isiphi isiqephu somhlaba saselokishini-

- (a) ngaphandle kwesitifiketi esikhishwe uMasipala esiqinisekisa ukuthotshelwa kwemithetho njengokulandisa kwesigatshana (8);
- (b) uma uMasipala eluleke uMbhalisibunini bomhlaba ukuthi imibandela yokusungula ilokishi ayizange ithotshelwe; noma
- (c) umasekuphele isikhathi sokugunyazwa.

(10) UMbhalisibunini bomhlaba kumele azise uMasipala uma ipulani ejwayelekile isibhalisiwe, ukuvulwa kwerejista yelokishi kanye nokuvunywa noma ukubhaliswa kwanoma iliphi itayitela.

(11) UMasipala angakhipha isitifiketi sokugunyaza ilokishiuma esaziswe uMbhalisibunini bomhlaba njengoba kuchazwe kwisigatshana (10): ngaphansi kokuthi uma kunezigaba ezahlukene kulelo lokishi, umfakisicelo kumele athole isitifiketi esigunyaza isigaba ngasinye.

(12) Indawo evulekile yomphakathi noma umgwaqo womphakathi ngaphambi kokuba ibhaliswe noma ngasikhathi sinye sokubhaliswa kokwedluliswa kokugcina kobunikazibesiqephu somhlaba elokishini, kumele idluliselwe kuMasipalangezindleko zomfakisicelo.

(13) Isikhungo somphakathi ngaphambi kokuba sibhaliswe noma ngasikhathi sinye sokubhaliswa kokwedluliswa kokuqala kobunikazi besiqephu somhlaba elokishini, kumele sidluliselwe kuMasipala ngezindleko zomfakisicelo.

Ukuvalwa kwemigwaqo nezindawo zomphakathi ezivulekile

51.(1) Isicelo sokuvala umgwaqonoma indawo yomphakathi evulekile singadinga ukuba kuthunyelwe kanye nombiko wokuhlola umthelela kwezemvelo kanye nokuthotshelwa kwanoma imiphi imithetho esebenzayo.

(2) UMasipala kumele azise Umdabulimhlaba Omkhulu ngokuvala umgwaqo futhi afake isicelo sokuchibiyela noma iyiphi ipulani efanele.

(3) Umbhalisi wamatayitela, lapho ubunikazi bomgwaqo noma indawo yomphakathi evulekile kungobamasipala noma uhlaka lukahulumeni, kumele akubhale lokho ngokufanele.

Umhlaba wamapaki, izindawo zomphakathi ezivulekile nezikhungo zomphakathi

52. (1) Ukuvunywa kwesicelo sokuthuthukisa indawo esihlinzekela ukusetshenziswa komhlaba ngenhloso yokuhlalisa abantu kweyame ekutheni umfakisicelo kumele ahlinzeke nangendawo yamapaki, izindawo zomphakathi ezivulekile noma izikhungo zomphakathi.

(2) Umhlaba odingelwa amapaki, izindawo zomphakathi ezivulekile, noma izikhungo zomphakathi kumele utholakale kuleyo ndawo ephathelene nesicelo sokuthuthukiswa kwendawo. Ngaphansi kokuthi uMasipala ungabheka enye indawo engcono yokuhlinzeka

ngamapaki, izindawo zomphakathi ezivulekile noma izikhungo zomphakathi lapho kungenzeka.

(3) Imihlahlandlela kaMasipala yokuhlinzeka ngezikhungo zomphakathi kanye namanye mathuluzi amukelwe nguMasipala iyosebenza njengawona mazinga kaMasipala okunquma ngezibalo zezindawo zomphakathi ezivulekile kanye nezikhungo zomphakathi ezidingekayo.

(4) UMasipala uyokwenza ipulani ehlinzekela ngokuqalwa kwamapaki kanye nezindawo ezivulekile zomphakathi: ngaphansi kokuthi uMasipala ungacubungula futhi uvume isiphakamiso sokuqalwa kwalezi zindawo esithunyelwe umfakisiselo

(5) Umhlaba odingwa nguMasipala ukuba usetshenziswe njengepaki, indawo yomphakathi evulekile noma isikhungo somphakathi kumele uthathwe njengomhlaba ubunikazi bawo obukuMasipala njengoba kubezwe esigabeni 32 se Deeds Registries Act.

Ukuxhumana nezinye izikhungo zokuthuthukiswa kwezindawo

53. (1) UMasipala kumele uxhumane nanoma iluphi uhlobo lukahulumeni ukuze akwazi ukusebenzisa umthetho ophathelene nanoma iyiphi ingxenye yokwenziwayo nakho okudinga ukugunyazwa ngokwalo Mthetho kaMasipala ukuze kuhlelwe ngendlela okwenziwayo ngokuhambisana nezimfuno zalowo mthetho futhi kugwemeke ukuphindaphindeka.

(2) UMasipala, ngokusebenzisa iSahluko 3 soMthethosisekelo, ngemuva kokuxhumana nohlobo lukahulumeni okukhulunywe ngako kwisigatshana (1), ungengena esivumelwaneni esibhalwe phansi nalolu hlobo lukahulumeni ukugwema ukuphindaphindeka kwezinto uma kuthunyelwa ulwazi noma sekwenziwa uhlelo olupathelene nanoma iyiphi ingxenye yokwenziwayo nakho okudinga ukugunyazwa ngokwalo Mthetho kaMasipala.

(3) Emva kokuba uMasipala esengene kuleso sivumelwano okukhulunywe ngaso kwisigatshana (2), umthathizinqumo ofanele angabheka noma iluphi uhlelo olugunyazwe ngaphansi komthetho obalulwe kuleso sivumelwano njengowanele ukuhlangabezana nezidingo zalo Mthetho kaMasipala

Imvume

54. (1) Uma okwenziwayo okudinga imvume kuphinda kulawulwa ngokomunye umthetho, uMasipala kanjalo nohlobo lukahulumeni olunamandla okukhipha imvumelokho

